IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa. | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Phendula YONKE imibuzoekuleli phepha.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
5. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
6. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu.


| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-45 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama- 55 |

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

# Ufuna Intsha Ifunde Emaphutheni Akhe



IZIMBONGI ezizobe zisina zidedelana ku-18th Poetry Africa 2014 eqale izolo nezophothulwa ngoLwesihlanu. Kusukela kwesokunxele nguThuli Zuma, Sthembiso Khwela, Napo Masheane, Qabaniso Q Malewezi noTiny Mungwe weCentre for Creative Arts e-UKZN okuyiyona ehlela ifestiveli. Isithombe: PATRICK MTOLO

**NONHLANHLA MKHABELA**


IMBONGI yaKwaMashu ibambe iqhaza kufestiveli yezinkondlo yaminyaka yonke, i-18th Poetry Africa 2014 eqale izolo ebusuku. Lembongi eyake yaboshwa iminyaka eyishumi, ithi izimisele ngokusebenzisa amaphutha eyawenza isakhula ukufundisa intsha ukuthi ikhethe indlela efanele.

USthembiso Khwela (33) ubesemcimbini wokwethula ngokusemthethweni ifestiveli yanonyaka eRivertown Beer Hall, eThekwini. Uthe ubhala izinkondlo nezindatshana futhi ugqugquzelwa yizimo adlule kuzona ukuthi abhale.

"Ngikhulele KwaMashu kwa-M, indawo ebinobugebengu futhi ngendlela obekwenzeka ngayo bekungathi **buyimfashini** ethile. Uma uziqhelelanisa nabo uyisilima. Kwesinye isikhathi kunzima uma usakhula ukwehlukanisa okulungile nokungalungile ngoba ingqondo isuke ingahluzekile kahle. Ngaleyo ndlela nami ngizithole sengingena ebugebengwini bokuduna nokubamba inkunzi," uchaze kanje.

Uthe udonse iminyaka eyishumi ejele eWestville nalapho aqale khona ukuqinisa ngasethalenteni lakhe lokubhala.

"Ukuba sendaweni ethule nesikhathi esiningi sokucabanga kungigqugquzele kakhulu ukuthi ngibhale. Ngigcine sengibhala nezindatshana ezikhishwe kwenye yezincwadi ezikhiqizelwa iziboshwa ehluzwe ngababhali okubalwa kubona ubaba uNakanjani Sibiya nabanye abahlonishwayo," kusho uSthembiso.



IZIMBONGI ezizobe zisina zidedelana ku-18th Poetry Africa 2014 eqale izolo nezophothulwa ngoLwesihlanu. Kusukela kwesokunxele nguThuli Zuma, Sthembiso Khwela, Napo Masheane, Qabaniso "Q" Malewezi noTiny Mungwe weCentre for Creative Arts e-UKZN okuyiyona ehlela ifestivali. ISITHOMBE: PATRICK MTOLO

UThuli Zuma, oyindodakazi kaMengameli wezwe uMnuz Jacob Zuma, naye ungenye yezimbongi ezizobe zishiyelana inkundla kule festiveli. Uthe uyaqala ukuba kule festiveli futhi uyakujabulela ukuhlanganyela nezimbongi eziphuma e-Afrika ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi izimbongi zinikwa ithuba lokuqhakambisa amathalente azo. "Ngijabule kakhulu ukuba lapha, ngokokuqala ngimenywa kulo mcimbi futhi kuthe lapho bengimema ngasukumela phezulu ngoba ngifuna ukuba yingxenye yomcimbi onika izimbongi ithuba elihle kangaka," kusho uThuli.

Uthe yimicimbi efana nePoetry Africa emenza angangabazi ukuthi izinkondlo zizoqhubekela ezizukulwaneni eziningi ezizayo zibe nomthelela omkhulu nomuhle empilweni yazo. "Ngeke ngizibize ngongoti wezinkondlo kodwa ngingasho ngelikhulu iqholo ukuthi umkhakha wezinkondlo awusoze wafa. Lokhu ngikusho ngoba kukhona abantu abafana nalaba esihlangene nabo manje abanothando nabazimisele ukuwuthuthukisa," usho kanje.

I-18th Poetry Africa 2014 ivulwe izolo kanti **izophothulwa** ngo-Okthoba 18. Imicimbi yantambama ezoqala ngehora lesi-6 izoba se-Elizabeth Sneddon Theatre bese kuba nezinye izinhlelo ezahlukene zokuhambela izikhungo zemfundo ephakeme nezikhungo zobuciko.

Umcimbi wokuvala ongoMgqibelo wona uzoba seRivertown Beer Hall kanti kuwona kuzonandisa umrepha uHHP nabanye.

Amathikithi emicimbi ese-Elizabeth Sneddon Theatre angama-R40 kuthi awomcimbi wokuvala abe ngu-R70 eComputicket.

1.1 Le ndaba ikhuluma ngayiphi imbongi efuna intsha ifunde emaphutheni ayo? Bhala igama nesibongo sayo. (1)

1.2 Ibizwa ngokuthini le festiveli yezimbongi ebise Rivertown Beer Hall? (1)

1.3 Le festiveli okukhulunywa ngayo yaqala ngamuphi unyaka? Veza lokhu ngesibalo. (3)

1.4 Yini le ehlanganisa uSthembiso nejele laseWestville? (2)

1.5 Ubani omunye odumule oyobe enandisa kulo mcimbi? (1)

1.6 Bhala izinto EZIMBILI ezafundwa uSthembiso ejele. (2)

1.7 Umculo oculwa ngu HHP uhlobene kanjani nezinkondlo ezizokwethulwa kulo mcimbi? (2)

1.8 Khutha impendulo efanele kulezi:

HHP umele lokhu:

A Hlanganani Harry Pule

B Hip Hop Pansula

C Hip Hop Pule (1)

1.9 Yini wena oyifundayo ngokwehlela uSthembiso nokuthi kwakumele akugweme kanjani? (2)

1.10 Chaza lawa magama alandelayo:

1.10.1 Imfashini (2)

1.10.2 Ukuphothula (2)

1.11 Amathikithi okuvala umcimbi abiza malini? Bhala inani ngesiZulu. (2)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

2.1 Yini ekhangiswa lapha? (1)

2.2 Obani abaxhasi balesi sikhangisi? (1)

2.3 Kumele ugenelwe kangaki lo mncintiswano? (1)

2.4 Humusha amagama athi, 'this week's cash winners." uwayise esiZulwini. (2)

2.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

Lesi sikhangisi sikhuthaza ukuthengwa kwezingubo zase:

A Busika

B Hlobo

C Nkwindla (1)

2.6 Ngabe lo mncintiswano ungenelwa kanjani? (1)

2.7 Obani abakhetha umuntu ozowina kulo mncintiswano? (1)

2.8 Sibona ngani ukuthi kuliqiniso ukuthi ngempela kuyawinwa kulo mncintiswano? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A : 30**

3.1 Lesi simemo simema abantu abahlala endaweni enjani? (1)

3.2 Ubani igama nesibongo seMeya yeTheku? (1)

3.3 Bhala amalokishi AMABILI amenywa yiMeya yeTheku. (2)

3.4 Sithini isithakazelo sakwaNxumalo? (1)

3.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

Amagama athi 'ungqa phambili ' ngokwesikhangisi achaza:

A ukuthanda izindaba.

B ukuba isibonelo esihle.

C ukungabi nandaba nomphakathi. (1)

3.6 Sebenzisa isiqu –hamba sibe ibizo lesigaba 11 ukwakha umusho wakho ongafani nosesikhangisweni? (2)

3.7 Yakha umusho ngesiqu –thuthuka lapho ususishintshe saba isinciphiso. (2)

**[10]**

4.1 Umuntu ovotele iMeya angaziwinelani lapha? (1)

4.2 Ungayivotela kanjani iMeya yangakini? (1)

4.3 Caphuna umusho onolimi olukhohlisayo kulesi sikhangiso bese uwubhala phansi (1)

4.4 Izingane zijabulelani kulesi sikhangisi> (1)

4.5 Sebenzisa isihlanganiso esifanele ukuhlanganisa imisho elandelayo.

- Votela iMeya evelele kuMasipala mangakini.
- Uwine ugesi wonyaka. (1)

4.6 Abantu abasebenzisa ugesi wekhadi ngokwesikhangisi cishe bathennga owamalini ngenyanga? (2)

4.7 Kungani amagama achaza imibandela ebhalwe ngamagama amncane? (2)

4.8 Isimingaki iminyaka izwe laseNingizimu Afrika lathola inkululeko? Bhala inombolo ngesiZulu. (1)

**[10**

## UMBUZO 5

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

Abafundi abaningi kabasawafezi amaphupho abo okuba yilokhu ababedalelwe kona. Ziningi izingqinamba nezithiyo ezibavimbayo ukuba bafeze amaphupho abo. Kanti konakalephi entsheni yethu?Kubalulekile ukuba umuntu omusha angawasusi amahle akho lapho efisa ukuya khona. Kuyamangaza ukuthi kunabafundi abafunda ezikoleni ezisemazingeni aphezulu kodwa abangazi ukuthi bafuna ukufundela noma bazokwenza muphi umsebenzi uma sebeqede imfundo yabo. Sesikhathele abantu abalokhu bevika ngokuthi izidakamizwa nokukhulelwa yikho okuvimba amaphupho abo. Umbuso yiwo ovimba amaphupho ngoba uzalwa abazali sebekwenzele wonke umsebenzi. Kufanele umuntu azakhele igama lakhe angakhelwa ngabazali bakhe. Bathi into ongayisebenzelanga ivamise ukushabalala njengamanzi emhlane wedada. Akekho umuntu ongakuphuca imfundo yakho, kodwa umcebo wakho ungashabalala kungabi ndaba zamuntu. Bafundi kasibambisaneni ekwakheni izwe lethu.

5.1 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

Igama ukushabalala lisho okulandelayo

A ukuhamba

B ukukhula

C ukuphela (1)

5.2 Bhala igama elisho okufanayo naleli elibhalwe ngokunzima emshweni ongenzansi.

Ziningi **izingqinamba** nezithiyo ezivimba abafundi. (1)

5.3 Bhala umusho lapho usebenzise khona ibizo **abafundi** nesabizwana sokukhomba buqamama. (1)

5.4 Guqula leligama elibhalwe ngokugqamile likhombe indawo/ isandiso sendawo bese uzakhela ngalo umusho.

Umbuso yiwo ovimba **amaphupho** (2)

5.5 Hlukanisa ibizo ngxube ' **izidakamizwa'** uveze izingcezu ezimbili zenkulumo ezilakhile. (1)

5.6 Shintsha isiqu u- feza usenze impambosi yokwenziwa/iselulo sesenzo bese usisebenzisa emshweni ohambelana nesiqephu osifundile. (2)

5.7 Khipha umusho onombuzo mbumbulu kulesi siqeshana. (1)

5.8 Guqula lo musho olandelayo ube senkathini eyakudlula ukuvuma:

Umbuso yiwo ovimba amaphupho. (1)

5.9 Gcwalisa lomusho ngezivumelwano nezakhi ezifanele. Bhala umusho wonke.

Izingane –ningi ziya-thanda ukudlala ngekusasa –zo. (3)

5.10 Sebenzisa isakhi sokuphika nesiqu sesenzo ukwakha umusho wokuyala abafundi ngesikhathi. (2)

## UMBUZO 6

**Ake uchaze lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile ukuthi zichazani.**

6.1 UNgcobo **washaya wachitha** nemali yami. (1)

6.2 Ubaba kabani lo **oqhuba imbuzi.** (1)

6.3 **Ikati lilele eziko** kithi, ngicela ningisize bo! (1)

6.4 Ungakhohlwa ukuthi **inja iyawaqeda amanzi nolimu**. (1)

6.5 Seniyoze nihlukane **niyinkukhu nempaka**. (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU C : 40**

**AMAMAKI ESEWONKE : 80**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha